



# KWAZULU-NATAL PROVINCE

TREASURY  
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZEZIMALI  
U NOMUSA DUBE-NCUBE NGESIKHATHI KUNOMCIMBI I- WORLD AIDS  
DAY  
KWA-GEZA COMMUNITY HALL – INKOSI LANGALIBALELE LOCAL  
MUNICIPALITY  
1 DECEMBER 2018**

***i-Theme for World AIDS Day 2020: "We're in this together- Bheka Impilo!  
(Check your Life)***



**NKSZ. NOMUSA DUBE-NCUBE  
UNGQONGQOSHE: WEZEZIMALI**

Mphathi wohlelo – HOD Ntokozo Chonco  
Cllr. AS Mazibuko - Mayor: uThukela District Municipality  
Cllr JM Mbhele - Mayor: Inkosi Langalibalele Local Municipality

Izimeya zonke zoMasipala;  
Amakhansela;  
iNkosi NSW Sithole - Chairperson: UThukela Local House of Traditional Leaders  
Amakhosi nabefundisi;  
Dr MT Zulu - Chairperson of uThukela District Task Team  
Izakhamuzi kanye nazo zonke izihambeli eziqavile

*Siyayinqoba i-HIV siyayiNqoba !!!!!*

Ngithatha lelithuba ngiyabingelela nonke kulolusuku olubaluleke kangaka i-World Aids Day.

Njengoba sihlangele namhlanje, abanye oNgqongqoshe bahlangene nemiphakathi eyahlukahlukene koMasipala bonke bakwaZulu-Natal.

Singuhulumeni wesifundazwe sathatha isinqumo sokuthi fanele wonke amalunga e Cabinet abe ngama Champion ngaphansi kohlelo i-Operation Sukuma Sakhe kubo bonke oMasipala.

Ngokunjalo, njengoba sigubha lolusuku i-World Aids Day, sithathe isinqumo singuhulumeni wesifundazwe ukuthi bonke oNgqongqoshe okuhlanganisa nami kanye noNdundankulu, fanele sonke siphume sisabalale sihlangele nezinhlaka zikaSukuma Sakhe kanye nomphakathi wonkana.

Thina singuhulumeni sinenkolelo yokuthi ukuze siqobe isifo seNgculaza kanye nesandulela ngculaza, fanele sisebenzisane nezinhlaka zomphakathi. Njengoba sihlangele namhlanje sisazoqhuba zona izinhlelo zokuqinisa ukusebenzisana nomphakathi.

Ngokwezinga likahulumeni kazwelonke oholwa ngoMongameli uBaba uRamaphosa, kukhona i-South African National Aids Council. Ngokunjalo nathi kulesisifundazwe sakwaZulu-Natal sine Provincial Council on AIDS.

Ngokulandela inqubomgomo kahulumeni kazwelonke, siyaqinisekisa singuhulumeni wesifundazwe ukuthi zonke izinhlelo zokulwa nesifo zithola ingqalasizinda futhi nalabo abahaqekile senza isiqiniseko sokuthi siyabahlinzeka ngosizo.

***UNAids 99% Target – TLD (tenofovir/lamivudine/dolutegravir).***

Mphathi wohlelo, siyakhumbula ukuthi uhulumeni kazwelonke usivakashele kulesisifundazwe ngo November ngonyaka odlule ezokwethula uhlelo lwephilisi

elilodwa lama-ARV. Leliphilisi elathulwa ngu Dokotela u Zweli Mkhize libizwa nge TLD (tenofovir/lamivudine/dolutegravir).

Ngaloluhlelo lwe TLD, esalwemukela singuhulumeni wesifundazwe, kuhloswe ngalo ukuthi bonke oMasipala bakwazi ukuhlanganisa izibalo ezibekwe yi United Nations Aids.

Ngokwalezizibalo fanele babe ngu 99% abantu abahlololwa lesisifo futhi bonke bathole ama ARV.

Uhulumeni ufuna ukuqinisekisa ukuthi bonke abathola ama ARV bayasinda futhi impilo yabo ayikhinyabezeki.

Kuyasijabulisa ukuthi impilo yomuntu aphila ngayo (life expectancy) isiyenyukile isuka ku 56 yaya ku 60.

Lokhu kudalwa kakhulu yimizamo kahulumeni okuhlanganisa ukusabalalisa imishanguzo.

### ***People on ARVs in KZN – 1.3 million***

Ngokwezibalo somnyango wezempilo kulesisifundazwe sethu isibalo sabantu abathola imishanguzo bangaphezu kuka 1.4 million (**1 483 354**) abantu bakwaZulu-Natal yonke asebekwazile ukuthola ama ARVs.

Siyajabula singuhulumeni wesifundazwe uma sibona izibalo zikaMasipala wethu uThukela ezitshengisa ukuthi kuyasetshenzwa ukulwa nalesisifo:-

1. Bangu 99 236 abantu abathola ama ARV okuhlanganisa abantwana;
2. Number of new HIV tests - Bangaphezulu kuka 42 745 abantu abahloliwe;
3. Number of new positive cases – Bangaphezulu kuka 1 920 abantu abatholakale benegciwane;

Uhlelo lwethu olwaziwa ngokuthi yi Nurse-Initiated Management of Anti-Retroviral Treatment (NIMART) selusize kakhulu ukuqinisekisa ukuthi labo abatholakala ukuthi banalesisifo bathola usizo ngokukhulu ukushesha kwazise ukuthi kuqala kwakulindwa oDokotela kuphela.

Ngoba sigubha usuku i-World Aids Day sibonga bonke oNurse, oDokotela, oNompilo ama Community Care Givers kanye nosonhlalakahle ababambe iqhaza ukulwa nalesisifo.

Siyaqhubeka futhi siyagqugquzela ukuthi umphakathi uzihlole ngaso sonke isikhathi ukuze usheshe uthole usizo.

## ***People Living With Aids in KZN***

*Ngokwezibalo, lapha KwaZulu-Natal babalelwa babalelwa ku 1, 9 million (1 999 090) abantu asebehlolwe lesisifo kusukela ngo April kulonyaka kuze kube ngu October.*

Kanti bangaphezu kuka **2 million** (2 013 741) abantu abaphila negciwane i-HIV.

Kanti lapha oThukela bangu 41.5% abaphila nalesisifo.

- Umgungundlovu - 46.6%
- Ethekwini - 43.5%
- Ugu - 43.4%
- Ilembe - 43.1%
- Umzinyathi - 41.7%

Kuyasijabulisa singuhulumeni ukuthi labo abatholakale benesandulela ngculaza ukuthi bathola usizo lwezempilo ukuze bangasheshe basishiye emhlabeni.

## ***Partnership for the Fight Against HIV and Aids***

Malungu omphakathi, okunye okubaluleke kakhulu ukuthi kuleminyaka edlule sakwazi ukwenza uhlaka olwaziwa ngokuthi yi Partnership for the Fight Against HIV and Aids.

Savumelana ukuthi ukuze sikwazi ukunqoba lesisifo, fanele ingafakwa ipolitiki yamaqembu ezinhlelweni zokulwa ne HIV ne Aids.

Okubalulekile ngalePartnership ukuthi ihlanganisa bonke abaholi – Amakhosi, izinduna, izimeya, abefundisi, abaholi bezepolitiki kanye nezinhlaka zomphakathi.

Njengoba sihlange ne namhlanje sithi, asiqhubeke sisebenzisane ngoba uma kungekho ukubambisana izibalo zabantu abathola leligciwane zizoqhubeka nokwenyuka.

## ***International Aids Conference – Congratulated KZN***

Ukuba ukubambisana bekungekho ngabe lesisifundazwe asinconywanga yizihlangano zamazwe ngamazwe ngesikhathi kune International Aids Conference laphayana e ICC kuleminyaka edlule. Siphinde sanconywa futhi

ngesikhathi kune South African Aids Conference khona futhi e ICC ngo June ngonyaka odlule.

### ***Role of His Majesty, Traditional Leaders and circumcision***

Ngesikhathi kunalemihlangano sanconywa kakhulu ngezinhlelo ngeqhaza elibanjwe yiSilo samaBandla kanye namakhosi aseNdlunkulu.

Siyazi ukuthi ISilo sinezinhlelo ezifana ne Reed Dance, kanye nezinhlalo zokusokwa kwabafana.

Ngokwezibalo esinazo, kusukela ngo April kulonyaka bangu 8070 abantu besilisa asebesokiwe kulesisifundazwe ngaphansi kohlelo i-Medical Male Circumcision. KuMasipala **uThukela bangu 283** abafana asebesokiwe. Loluhlelo lwamisa ngenxa ye COVID-19.

Noma sezisokiwe izingane zabafana siyazigqugquzela ukuthi kusamele uma kufika isikhathi sokuthi ziye ocansini – zifake amajazi ukuze zizivikele.

Siyavumelana nombono weSilo esawethula ngoMkhosi Womhlanga wokuthi kumele uma kufundiswa izingane zamantombazane ngokuziphatha kuphinde kufundiswe nezabafana.

Ukufundisa intsha yonke ngokubalalulela ngokuziphatha ngendlela efanele kubaluleke kakhulu. Kusifikisela ngamahloni ukuthi abantu abasha bakulesi sifundazwe bayaqhubeka nokuzibandakanya ocansini olungaphephile phezu kwemizamo eminingi kangaka esiyenziwe yokugqugquzela ukuziphatha.

Singuhulumeni wesifundazwe sesize sethula ngokusemthethweni uhlelo lwama Scout ukuze sicije intsha yethu ngokuziphatha okwamukelekile. Sibonga Amakhosi aseNdlunkulu asebambe iqhaza elikhulu ukuqinisekisa ukuthi loluhlelo lwama Scout luyasabalala emphakathini wonke jikelele.

### ***Fighting HIV/Aids Prevention - Condom Distribution***

Kuyajabulisa ukuthi angaphezu 42 million ( 42 304 000) **ama Condom** abesilisa asenikezwe abantu ezikhungweni ezahlukahlukene lapha KwaZulu-Natal

Kanti lapha kumasipala uThukela angaphezu **kuka 115 200 ama Condom** abesilisa asenikezwe abantu.

Mphathi wohlelo, siyazi ukuthi abantu besifazane banenqinamba uma becela ukuthi abathandiweyo babavumele basebenzise ama **Female Condoms**.

Okusihlupha kakhulu ukuthi isibalo sama female condom anikezwe abantu besifazane sibalelwa lapha ku 81 000 kuMasipala uThukela. Kwisifundazwe

sonke iKZN ama condom abantu besifazane angaphezu kuka 2. 7 million (2 714 600)

Sifisa ukuthi lesisibalo senyuke ukuze abesifazane bangesuleleki ngalesisifo. Umuntu wesifazane unelungelo lokusebenzisa izindlela zokuthi angasitholi lesisifo.

Nakhu okufanele siqikelele ukuthi siyakwenza ngohlelo lokusabalalisa ama Condom:-

1. ***She Conquers Programme*** – loluhlelo lokuqwashisa amantombazane asakhula kanye noSisi fanele siqhubeke nalo ngoba luyasiza;
2. ***Condom Taxi Rank Blix*** – Fanele siqhubeke nezinhlelo zokugqugquzela ukusetshenziswa kwama Condom emeTaxi rank nakwezinye izindawo. Fanele sibe nesibalo sawo wonke ama Taxi Rank okufanele siwavakashele sisebenzisana nonompilo kanye nawo wonke amaVolontiya.

### ***Max Condom Factory – Dube Trade Port – Launch in uThukela***

Ngizoqinisekisa ukuthi sethula ngokusemthethweni uhlelo lwama-condom amasha asebenziswa kalula ngabantu abasha okuthiwa yi Max. LamaCondom akhiwa laphaya eDube Trade Port.

Usuku esizofika ngalo ukuzokwethula lokuhlelo sizolumemezela. Ihhovisi lami liyaxoxisana nabaphathi balenkampani.

Sengike ngayivakashela leyankampani yamaCondom ngihambisana noNgqongqoshe wezempilo u Nomagugu Simelane-Zulu.

Engxoxweni engaba nayo naye kanye nabanye oNgqongqoshe ukuthi fanele uhulumeni wesifundazwe uqinisekise ukuthi sithenga amaCondom amaningi kuleya Factory.

Ngakusho lokho ngoba lokho fanele sidale namathuba emisebenzi. Iningi intsha esebenza kuleya Factory. Siyafisa nentsha yasoThukela ithole amathuba emisebenzi khona kuleyaFactory ngokuthi ikhiqize amaCondom asoThukela.

Ngijabulile uma ngithola umbiko wokuthi I Department of Health kulesisifundazwe kanye nakuzwelonke sebaqalile ukuthenga lama Condom ukuze afinyelele kubantu.

### ***District AIDS Council and Ward AIDS Committees***

Konke lokhu siyakudingida kuyo yonke imihlangano ye Provincial Council on Aids. Lesisigungu esihlanganisa oNgqongqoshe bonke kanye neziMeya

nezinhlaka zomphakathi sibeka phambili ukusebenzisana. Yingakho uma kunemihlangano, iziMeya zonke ziyaye zethule imibiko ecacisa kabanzi ngemikhankaso yokulwa nalomashayabhuqe koMasipala.

Siyaqhubeka nokuthola ama Report avela kuma District Aids Councils njalo uma kuhlalane in Provincial Aids Council. Lama Report ethulwa yiziMeya zabo bonke oMasipala. Lapho esibona khona ukuthi fanele ungenelele khona uhulumeni wesifundazwe, isinqumo siyathathwa kulowomhlangano we Aids Council.

Kuyasijabulisa ukuthi uMasipala uThukela unayo i-District Council on Aids.

Ngifisa ukuzwakalisa amagama enjabulo kubo bonke oMasipala kanye nawo wonke amalunga ama Local Councils on Aids kanye nama Ward AIDS Committees. Ukuba khona kwenu kwenza ukuthi zisabalale izinhlelo zokulwa nalesisifo.

***Mphathi wohlelo, isiqubulo noma i-Theme ye World AIDS Day yangalonyaka ithi: "We're in this together, Bheka Impilo! (Check your Life)***

Ngokulandela lesisiqubulo, fanele sibhukule sisebenzisane ukuze sizuze lokhu okulandelayo.

1. Fanele kwandiswe isibalo sabantu abathola ama ARV babe ngu 2 million okuyisibalo sikazwelonke;
2. Ngokwezibalo zikazwelonke fanele babe ngu80 000 abantu abathola imishanguzo yokulwa ne TB ( TB and drug-resistant TB);
3. Asibambisane ukuze sehlise isibalo sezingane ezisuleleka ngalesisifo (elimination of mother-to-child transmission).

Kufanele sonke sibe yingxenye yemikhankaso lapho kuzobanjiswana khona nonompilo kanye nodokotela ukunqanda ukubhebhethaka kwalesisifo. Labo abahaqwe yilesisifo kufanele sibathande.

Asigqugquzele iziguli ezine TB ukuthi zidle amaphilisi kuzo zonke izindawo esihlala kuzo ngumsebenzi wethu sonke. Uma lapho uhlala khona kunomakhelwane odla amaphilisi okwelapha i-TB, kuzofanele nawe umnakekele ukuze awaphuze ngaso sonke isikhathi. Lokhu kuyasiza ukuthi lesi sifo silapheke.

Ngokwezibalo zethu kuyavela ukuthi bangaphezu kuka 41 000 abantu abebekade bedla imishanguzo kodwa bayiyeka. Ngokusebenzisana nomphakathi nonompilo, bonke labantu sebeyayidla futhi imishanguzo. Ngakolunye uhlangothi, babalelwa ku 373 abantu aneTB abese beyekile ukudla iTreatment. Kanti ngenxa yokusebenza ngokuzikhandla konompilo nezinhlaka zomphakathi, leziziguli zethu seziziyithola iTreatment.

Ngihlale ngigcizelela ukuthi ukugula komuntu oyedwa kumele kuthinte wonke umuntu. Kumele i-HIV ne TB kube yisitha sethu sonke hhayi umuntu ogulayo. Uma siqinisekisa kuthi umuntu oyedwa uyelapheka ekuguleni kwakhe lokhu kuyosiza abantu abaningi. Futhi kuyosenza ukuba sibe yisizwe esiyisibonelo esihle esitshengisa Ubuntu.

Uma sonke njengamalungu omphakathi singazibophezela ekutheni ezindaweni zethu sisize labo abagulayo, futhi siqinisekise ukuthi siyalima ukuze kube nokudla, nginethemba lokuthi siyoba yisizwe esinempilo nesithuthukayo.

### ***One Home One Garden – Healthy eating***

Siyanigqogquzela ningumphakathi ukuba nilandele uhlelo in One Home, One Garden.

Ukuba nemindeni ephilile edla ukudla okunomsoco kungenza umehluko omkhulu. Phela enye yezinto ezenza ukuthi kube nokubhebhethaka kwezifo ukuthi asiyinakekeli impilo yamalungu emindeni yethu.

Umyalezo wethu sengiphetha uthi, sonke uthi fanele sibambane, silwe nobubha silethe intuthuko ezindaweni zethu.

Bonke oNgqongqoshe kuKhabhinethi okuhlanganisa nami, senza isifungo sokuthi siyokwenza konke okusemandleni ethu ukusheshisa izinhlelo zentuthuko.

Saqiniseka ukuthi ngaso sonke isikhathi kuyoba khona ukuzimisela ko Ngqongqoshe, izinhloko zeminyango, abasebenzi bonke kuwo wonke amazanga. Njengoba sihlangele namhlanje, sigcizelela khona ukuzibophezela kwethu ukushintsha izimpilo zomphakathi siphinde silethe intuthuko. Siqhakambisa ukusebenzisana phakathi komasipala kanye nayo yonke iminyango kahulumeni ukuze izinhlelo zikahulumeni zisheshe zifike kubantu.

Ngibala izinhlelo zikagesi, izinhlelo zokuletha amanzi, izinhlelo zokufudula umnotho – ukulwa nezifo, ukulwa nobugebengu kanye nezinhlelo zokusiza labo ababuthakathaka.

Singabala oGogo, omkhulu, yilabo abakhubazekile, izintandane, abafelokazi kanye nemindeni ekhahlanyezwa yisifo esingumashaya abhuqe ingculazi. Siyaziqiniseka namhlanje ukuthi ngaso sonke isikhathi sizozama amasu amasha ukuze kube noshintsho ezimpilweni zabantu.

Sizibophezele ukuthi siqinisekise ukuthi yonke iminyango kahulumeni isebenza ngokubambisana iphinde ibandakanye abaholi bomphakathi kanye nomphakathi kuwo wonke ama Ward akulesisifundazwe ngaphansi kuka Operation Sukuma Sakhe.



Siyagqogquzela singuhulumeni wesifundazwe ukuthi amaWar Room asetshenziswe ukuhlanganisa zonke izinhlelo zokulwa impi yobubha nempi yazo zonke izifo okuhlanganisa ingculaza kanye ne TB.

Ngiyabonga